BTNEWS
IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI
www.btnews.co.za • 31 March 2026

DeComms
Painting Services
• Residential & Commercial
• Paint & Stain Finishes
• Skimming
• Deck Finishing & Maintenance
Contact number: 072 284 1191
Email: mazoemt@gmail.com

# ISisonke Liquor Traders nezinguquko ezizokuthuthukisa abahweba ngotshwala

**Thubelihle Khumalo**

INHLANGANO yabahweba ngotshwala ezindaweni zasemalokishini nasemakhaya iSisonke Liquor Traders isiphinde yaqinisekisa ukuthi abantu besifazane abashiyeki ngemuva kwizinhlelo zayo kulandela ukuhlonishwa kwabesimame abangapansi kwale nhlangano nabasebenzisana nayo.

Njengoba kule nhlangano kuza izinguquko zokuthuthukiswa kwabahweba ezizohambisana nobuchwepheshe besimanje, inhlangano iphinde yakhuthaza abesimame abangaphansi kwayo ukuba bengazexwayi izindlela ezintsha okuhlelwe ukuba kusetshenzwe ngazo.

ISisonke Liquor Traders imemezele izinhlelo zayo zika-2026 emcimbini wokuvula unyaka obuseMax's Lifestyle Village, eMlazi, muva nje. Zivezwe onguSihlalo wenhlangano uDkt Brush Mncadi. Umcimbi ubuthanyelwe nangabezinhlaka zikahulumeni nosomabhizinisi ababambisene nenhlangano kwezamabhizinisi.

Okugqame kakhulu ukusungulwa kwe-App yokuhweba, lapho abantu bezokwazi ukuthenga khona utshwala besemakhaya. UMncadi uthe kusemqoka ukuba inhlangano ihambisane nokushintsha kwezikhathi, ingashiyeki ngemuva kwezobuchwepheshe.

I-App izoqinisekisa nokuthi abantu abephuli imithetho yezwe, abanezindawo ezithengisa utshwala bona bengaphuli imithetho yamabhizinisi. NgokukaMncadi, leli gxathu lizophinde liqinisekise nokuthi osomabhizinisi badlondlobala ngendlela ehlomulisa imiphakathi abahwebela kuyo.

"Kuzovuseleleka umnotho wasemalokishini nasezindaweni zasemakhaya ngokulethwa kwezindlela ezintsha zokuhweba. Akekho ongeke ahlomule, ikakhulukazi njengoba sekuzosungulwa nesikhwama sokudlondlobalisa amalungu enhlangano," kulanda uMncadi.

Isikhwama sizohambisana nohlelo lwe-iKhokha esebenzisana neSisonke Liquor Traders ukusimamisa amabhizinisi. Le nkampani iboleka osomabhizinisi abancane imali engevile ku-R1 million, kodwa kumele kube ibhizinisi eselinezinyanga eziyisithupha lisebenziisa imishini ye-iKhokha.

UMnuz Lulamile Tshambu oyi-Account Manager kwi-iKhokha, uveze ukuthi ukuze osomabhizinisi bezobolekwa imali kumele bebe nezinyanga eziyisithupha kuya phezulu besebenzisa imishini yale nkampani, kutshengise ukuthi ibhizinisi lisebenza nsuku zonke ngendlela efanayo.

"Nakuba imali ebolekwa usomabhizinisini ihambisana nenzalo, kepha ayiphazamisi ukusebenza nokudlondlobala kwebhizinisi. Siyibamba kancane nsuku zonke, lokhu kwenza ungakuzweli ukukhokha isikweletu," kusho uTshambu othembise ukuthi uhlelo luvuleleke kuwo wonke usomabhizinisi.

UMnuz Sibusiso Masuku ongaphansi koPhiko lokuSekwa kwamaBhizinisi kuMasipala weTheku, uhambe emazwini kaMncadii noTshambu, waveza ukuthi nomasipala unalo uhlelo lokweseka amabhizinisi amancane. Abahweba ngotshwala nabo bayakwazi ukuhlomula kulo.

Kumasipala abahwebi basizwa ngemali yerenti, bathuthelwe ezindaweni eziyizizinda zamabhizinisi, besizwe nangokuhlela amabhizinisi. UMasuku uphosele inselelo amalungu eSisonke Liquor Traders ukuba esondelane naleli hhovisi ukuze ezokwazi kabanzi ngendlela angasizakala ngayo.


UDkt Brush Mncadi onguSihlalo weSisonke Liquor Traders ukhuthaze ukuvulelwa kwabesifazane amathuba emcimbini wokuvula unyaka nokubhunga ngezinhlelo zika-2026 zenhlangano obubanjelwe eMax's Lifestyle Village

Emcimbini kukhunjuzwe nabanikazi bezindawo ezithengisa utshwala ngokubaluleka kokugcinwa kwemthetho yamalasiyesi okuhweba. Kumele bephinde bakhe ubudlelwane nabahlali basezindaweni abahwebela kuzo, ebhizinisini kungenziwa izinto eziphambene nezifiso zabahlali.

USergent Nhlanhla Mbhele wasesiteshini samaphoyisa akwaSAPS eMlazi, uphosele inselelo abahwebi ukuba bengakuvumeli ukuthengiswa kwezidakamizwa ezindaweni zamabhizinisi wabo. Uthe izidakamizwa ziholela ekwenziweni kobugebengu.

Egoqa usuku, uMncadi uthe akangabazi ukuthi amalungu ale nhlangano azoqhubeka nokubambisana kwizinhlelo zokusimamisa imboni katshwala emalokishini nasezindaweni zasemakhaya. Uthembise nokuthi imnyango yenhlangano ivuleleke kuwona wonke umuntu ofuna ukuba ingxenya yayo.

"ISisonke Liquor Traders ihlose ukusimamisa abantu abamnyama abahweba ngotshwala. Sikhuluma ngazwi linye uma sifika kwizinhlaka zikahulumeni ezengamele amabhizinisi nabakhiqizi botshwala. Wonke umuntu ofisa ukuhlambisana nathi kulolu hambo uvumelekile," kusho uMncadi.

101.2MHz
INTOKOZO FM
Young People's Choice
• 50 Griffiths Mxenge highway
Umlazi Mega City 4089
• Streaming
intokozo1012fm.radio12345.com
Cofa sambe sonke
• Intokozo Fm facebook page

ABC Grassroots CERTIFIED PRINT RUN | AIP ASSOCIATION OF INDEPENDENT PUBLISHERS | Press Council FAIR



BTNEWS IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI
- Facebook: BTNews
- Instagram: btnews2023
- Email: promotions@btnews.co.za
- Website: www.btnews.co.za



# Ziyaqhubeka ezikaMasipala weTheku zokulungiswa kwenkinga yamanzi

**Thubelihle Khumalo**

UMASIPALA weTheku usuqinisekise abahlali ukuthi zonke izinkinga zamanzi zizosukunyelwa phezulu ukuze kungeke kuphazamiseke ukuhlinzekwa kwabo ngamanzi ahlanzekile ngezikhathi zonke, kwenxuswa nokuba kubikwe uma kukhona inkinga.

Muva nje umasipala usanda kubhekelela ukulungiswa kwenkinga ebiseNagle Dam kulandela umbiko weMngeni-uThukela Water wokuthi bekuvuza amapayipi. Le nqolobane iphakela iDurban Heights Water Treatment. Lokhu kuqinisekisa ukuthi abantu bathola amanzi nsuku zonke.

Okwamanje asozotholakala ngezikhathi ezikhethekile, kwezinye izindawo asezotholakala ekuseni nantambama, kwezinye atholakale ekuseni kuphela. Kwisitatimende esithunyelwe kwabezindaba, umasipala uthembise ukuthi le nkinga izophela khona maduze.

"Lokhu kuzosebenza isikhashana, kuzoqala khona maduze ukutholakala kwamanzi ngendlela ejwayelekile. Umasipala ubonga abahlali ngokubekezela kulesi sikhathi, sinxusa nokubambisana. Akusetshenziswe amanzi ngendlela ewongayo," kusho isitatimende.

Ukulungiswa kwale nkinga kuhambisana nohlelo olukhulu lokuqedwa kwenkinga yamanzi ngokulungisa ingqalasizinda. Kulindeleke ukuthi ibe isiphele nya inkinga yamanzi ngoJuni njengoba sekusondele emaphethelweni ukuphothulwa kohlelo lokwakha nokuvuselela ingqalasizinda.

NgokukaMnuz Siduduzo Mtshali ohola uhlelo lokwakha iSouthern Aqueduct, lolu hlelo



UMnuz Siduduzo Mtshali ongumholi wohlelo lokulungiswa kwenqolobane yamanzi ephakela izindawo eziseningizimu yeTheku iSouthern Aqueduct Project echazela abezindaba ngenqubeleka phambili yohlelo.

luzoqinisekisa ukuthi abahlali baseningizimu yeTheku abaphinde beswele amanzi. Kulungiswa amapayipi osekuneminyaka engu-50 akhiwa, nokuyinto eholele ekugugeni kwawo.

Kufakwa amapapiyi ensimbi, kukhishwa akasimende. Angu-24km. Uhlelo luqhutshwa ngokwezigaba. Kwesokuqala sekwenziwe u-90% womsebenzi wokuxhuma amapayipi eye kwiChatsworth Reservoir. Kulindeleke ukuthi umsebenzi uphothulwe ngo-Ephreli.

"Njengoba umsebenzi uqhubeka, abasebenzi sebethole ukuthi izinkinga zikuphi, balungisa umonakalo. Nakuba umsebenzi ungakapheli kepha umehluko usuyaqala ukubonakala, abantu sebeyawathola amanzi. Lokhu kusitshela ukuthi uhlelo luzoba impumelelo," kusho uMtshali.

Kwisigaba sesibili sekwenziwe u-74% womsebenzi. Sona kulindeleke ukuba siphothulwe ngoJuni. Sibhekelela ukulungiswa kwamapayipi axhumanisa iShallcross neNorthdene. Uma umsebenzi usuphothuliwe kuwo wonke amapayipi amanzi azohamba afike kwizinqolobane ezingu-33.




BTNEWS IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

YOUR MONTHLY COMMUNITY **FREE** NEWSPAPER

You can book your space via email:
btnewsbookings@gmail.com

**Contact No:** 063 421 3035
**www.btnews.co.za**

CONTACT THOBILE BLOSE NOW TO ADVERTISE & GROW YOUR BUSINESS!

Email: btnewsbookings@gmail.com



Send us a WhatsApp to subscribe and receive the newspaper via WhatsApp 063 421 3035

ETHEKWINI MUNICIPALITY
IThekutalks
KEEPING YOU IN THE KNOW
BY 2030 ETHEKWINI WILL BE AFRICA'S MOST CARING AND LIVEABLE CITY

# Izichuse zamaqhawe zizofukula ezokuvakasha

**GUGU MDLALOSE**

IZICHUSE ezimbili zamaqhawe omzabalazo ezisanda kwethulwa zizosiza ukufukula umkhakha wezokuvakasha eThekwini. Lezi zichuse zikaNelson Mandela nowayenguMengameli we-ANC, u-Oliver Tambo zethulwe nguMengameli Cyril Ramaphosa ngomhla ka-3 Mashi.

UMengameli uRamaphosa uchaze lo mcimbi, obugabe ngomdanso wesintu nemibukiso yamasiko, njengengqophamlando. Kukhuthazwa izivakashi nezakhamizi ukuba zivakashele lezi zindawo ukuyobona lezi zichuse ezinomlando walawa maqhawe ubuholi bawo obasiza ukubumba leli zwe. Ukuthola kabanzi ngalo mlando, abavakashele kulezi zindawo bangasebenzisa i-QR code ehlinzekiwe.

UMengameli utuse uMasipala weTheku ngokuhlonipha lawa maqhawe ngamagalelo awo emzabalazweni wenkululeko, ubulungiswa bezenhlalakahle nokufukulwa kwabantu.

"Izikhumbuzo zalolu hlobo zibalulekile ekugcineni umlando namagugu ethu," kusho uMengameli uRamaphosa.



**UMengameli uCyril Ramaphosa, ehambisana neMeya yeTheku, uKhansela Cyril Xaba, amaLungu ePhalamende kuzwelonke nasesifundazweni, amakhansela nezinye izikhulu zikahulumeni emcimbini wokwethulwa ngokusemthethweni kwezichuse zokuhlonipha uNelson Mandela nowayenguMengameli we-ANC, u-Oliver Tambo.** Izithombe: THULI DLAMINI AND PUMLA KHWELA

Izindawo okufakwe kuzona lezi zichuse zibalulekile. Isichuse sikaMandela sifakwe ngaseMoses Mabhida, eduze nenkundla yezemidlalo iKings Park.

Le nkundla yezemidlalo yilapho uMandela ethula khona inkulumo yakhe yokuqala emcimbini omkhulu ngemuva kokukhululwa ejele.

Lo mcimbi wawuhanjelwe ngabantu abangaphezu kuka-200 000.

Isichuse sikaTambo sona siwuphawu lomsebenzi wakhe awenza ehamba enqamula izilwandle eshumayeza umhlaba ngokubaluleka kokuqeda ubandlululo.

UMengameli uthe kulindeleke ukuba lezi zichuse zibe nomthelela omuhle emkhakheni wezokuvakasha waseTheKwini.

Uthe zizoba yisikhumbuzo ezizukulwaneni ezizayo mayelana nekamuva lesizwe nezifiso ubuholi bezwe obunazo ngekusasa.

"Kubalulekile ukuthi lezi zichuse zembulwe ngesikhathi sigubha iminyaka ewu-30 samukela uMthethosisekelo."

UMengameli uphinde wamemezela ukuthi ingqungquthela i-Ordinary Summit of Heads of State and Government of the Southern African Development Community izosingathelwa eThekwini ngo-Agasti, okugcizelele ukuthi iTheku liyindawo elungele ukusingatha imicimbi emikhulu.

"Loku kuwuphawu oluhle lwenqubekelaphambili yomsebenzi owenziwa ngokubambisana nababambiqhaza abehlukahlukene ekubuyiseni ukwethenjwa kweTheku."

IMeya yeTheku, uKhansela Cyril Xaba, ithe lezi zichuse zizogqugquzela izizukulwane zamanje nezizayo ukuba zifunde kabanzi ngamagalelo alawa maqhawe omzabalazo ekwakheni iNingizimu Afrika yentando yeningi.

Echaza ngezinye izithombe ezikhona eThekwini, uMeya uXaba uthe i-Indentured Workers Monument, eyakhiwa ngokubambisana nohulumeni wesifundazwe, yethulwe ngoNovemba nyakenye eSouth Beach.

Lesi sikhumbuzo singesokugubha iminyaka ewu-165 selokhu kwafika abasebenzi bokuqala besizwe samaNdiya KwaZulu-Natali ngo-1860.

"Sixoxisana naneHhovisi leNxusa lasePortugal mayelana nokuthuthwa kwesichuse sembongi yasePortugal, uFernando Pessoa, sisuswa enkabeni yeTheku siyiswe eDurban Botanic Gardens.

## *Kuphuthunyiswa olwezindlu zezisulu zezikhukhula*

**INTATHELI YOMKHANDLU**

IMEYA yeTheku, uKhansela Cyril Xaba, ithe ayinakho ukungabaza ngohlelo lukaMasipala lokuhlinzeka ngezindlu ezinesithunzi ezisulwini zezikhukhula.

Lokhu kuza ngemuva kokuba evakashele eMontclair Lodge ngomhla ka-5 Mashi ukuyohlola inqubekelaphambili ekulungiseni kwalesi sikhungo okuzohlala kusona okwesikhashana izisulu zezinhlekelele.

Lolu hlelo lwenziwa ngokubambisana phakathi kukaMasipala weTheku, uhulumeni wesifundazwe nokazwelonke. UMeya uXaba uthe wanelisekile ngenqubekelaphambili esikhona ekulungiseni kwezindlu zokuqala ezi wu-272. Lolu hlelo luzohlinzeka ngezindlu eziwu-500 sezizonke.

"Kubalulekile ukuba luphothulwe lolu hlelo ngoba luzohlinzeka uhulumeni ngesikhungo sawo esizokwazi ukubhekelela abakhahlanyezwe yizinhlekelele esikhundleni sokwethembela ezikhungweni ezizimele. Njalo uma kunezinhlekelele, sizokwazi ukuthi sizobayisa kuphi abakhahlamezekile ngesikhathi sisalinde ukwakhiwa kwezindlu zikanomphelo," kusho uMeya Xaba.

Lo msebenzi kulindeleke ukuthi uphothulwe ngoJuni kulo nyaka. Abantu bokuqala abazongena kulezi zindlu kuzoba yizisulu zezikhukhula ezikhoseliswe endaweni yesikhashana okwamanje. Bazohlaliswa kulesi sikhungo okwesikhashana ngesikhathi besalinde ukuphothulwa kwezindlu ohlelweni lwezindlu lwaseCornubia. Kuyimanje, izindlu eziwu-113 sezizophothulwa.

Lolu hlelo luzoba nezindlu eziwu-1 200 sezizonke, ezizokwazi ukwanela zonke izisulu ezintula indawo.



**IMeya yeTheku, uKhansela Cyril Xaba, ivakashele eMontclair Lodge ngomhla ka-5 Mashi ukuyohlola inqubekelaphambili ekulungiseni kwezindlu okuzohlala kuzona okwesikhashana izisulu zezikhukhula.**

Izithombe: THULI DLAMINI

## Abasha abawu-100 bazofundela amakhono

**SANE SHANDU**

UMASIPALA weTheku uthatha izinyathelo ezinqala zokuhlomisa abantu abasha bendawo ngamakhono okusebenza azoshintsha impilo yabo. Ngomhla ka-5 Mashi, intsha engasebenzi ewu-100 yaseNtuzuma namaphethelo ibhalisele uhlelo lwezinyanga ezintathu lokuqeqeshelwa amakhono okusebenza oluhlelwe yi-eThekwini Municipal Academy.

Lolu qeqesho lufaka ukusebenza ngamapayipi amanzi, ugesi, ukubeka isitini, nokufaka amatile, okuhambisana nezinhlelo zokwakha eziqhubekayo ezihlanganisa iNtuzuma Mall, iNozaza Node Hub, ukwakhiwa kwezindlu, nezinye izinhlelo zokuthuthukiswa komphakathi.

Ababambiqhaza bazothola ulwazi olunzulu futhi kuzothi bangaphothula izifundo zabo, benze le misebenzi abayiqeqeshelwe kulezi zinhlelo.

IKhansela lakuWadi 42, uFisokuhle Mngadi usincomile lesi sinyathelo.

"Lolu hlelo luqinisekisa ukuthi intsha yethu iyakwazi ukuthola umsebenzi endaweni esikhundleni sokuthi abasebenzi baqhamuke ngaphandle. Kuyisinyathelo esisebenzayo sokwakha amakhono endaweni nokufukula umphakathi," esho.

Omunye wale ntsha ethathiwe, uNokwanda Mazibuko, ongowesifazane osemusha ongena emkhakheni ogcwele abesilisa wokufaka ama-tile, uchaze lolu hlelo "njengoluguqula impilo."

"Lolu hlelo lunginika ikhono langempela, ikusasa langempela, nethuba lokuthuthukisa umndeni wami nomphakathi."

ETHEKWINI MUNICIPALITY
DURBAN BUSINESS FAIR
28TH DURBAN BUSINESS FAIR
30 EPHRELI - 02 MEYI 2026
DURBAN EXHIBITION CENTRE
WOZA UZOKWESEKA AMABHIZINISI ENDAWO
Imibuzo: 031 311 4500
KUNGENWA MAHHALA
@DurbanBusinessFair


# Kubuye ithemba ngekusasa elingcono kwabesimame bethola izeluleko ezinqala kwiPhinifa on Fleek

**Thobeka Khumalo**

AMAKHULU wabantu besifazane abebeyizicukuthwane emcimbini waminyaka yonke wokubhekana ngqo nezimo ezithinta imbokodo bathole ithuba elingandele bani lokuthola ulwazi ngesimo somnotho namathuba okuzithuthukisa kwezamabhizinisi.

Kulo mcimbi weqophelo eliphezulu iPhinifa on Fleek ebiseThe Oyster Box, eMhlanga, abesimame bathole izifundo ngokusungulwa kwamabhizinisi, izinhlaka ezixhasa osomabhizinisi abancane, kanye nendlela yokusimamisa amabhizinisi asevele esebenza.

Umcimbi ubuhlanganiswe iPhinifa on Fleek movement ngokuhlanganyena neSizokwakha okaZulu Foundation. Ngaphezu kwezifundiswa ebezisina zidedelana ekunikeni ekwedluliseni ulwazi, abesimame baphinde bathola umyalezo wekhethelo ovela kuNdlunkulu weSilo uMisizulu kaZwelithini, uNkk Nomzamo MaMyeni.

NgokukaNks Nokuthula Khasibe onguMsunguli wePhinifa on Fleek, lo mcimbi uhlelelwa ukumelana nezimo ezehlukene ezenza impilo yabantu besifazane ibe nzima. Minyaka yonke kubhekwa izihloko ezehlukene. Kulo nyaka kugxilwe kwezamabhizinisi ngenxa yokungenzi kahle komnotho wezwe.

"Baningi abangasebenzi, nalabo amanamatogo badonsa kanzima kangangoba sebeze baqala amabhizinisi ngenhloso



yokwesekela imiholo. Ngalo mcimbi sizama ukuthi lawo mabhizinisi edlondlobale, abantu besifazane abasimamisane esikhundleni sokuphumelela kwedlanzana," kusho uKhasibe.

UNdlunkulu onguMsunguli weSizokwakha OkaZulu Foundation, uthe le nhlangano ibingeke iliyeke ithuba lokuba ingxenye yezinhlelo zokusimamisa abesimame ngoba bakholwa ukuthi sekuyibo abawumgogodla wezwe njengoba amakhaya amaningi eseholwa ibona.

"Sihlose ukubuyisa isithunzi nokuzethemba kubantu besifazane. Sikubone kubalulekile ukuhlanganisa abesifazane nabantu asebeke baluthatha uhambo abalufisayo ukuze kuzoba lula uma beluqala sebekwazi



abazohlangabezana nakho," kusho uNdlunkulu uMaMyeni.

Ube eseveza ukuthi banezinhlelo zokuhambisa lo mcimbi nakwezinye izifundazwe ukuze bezothola ulwazi ngendlela abesimame bakuzo abenza ngayo, ebese bebuya bezolucobelela abantu besifazane baKwaZulu-Natal ngenhloso yokwenza ushintsho emphakathini abavela kuyo.

UKhasibe uthe ukholwa ukuthi lokhu kuzoholela nasekusimameni kwemiphakathi. "Uma intsha isinenqwaba yezibonelo ezinhle emphakathini, abekho abazozinikela kwizidakamizwa nasebugebengwini. Bazofuna ukufana nomakhelwane wesifazane ophumelele kwezamabhizinisi," kusho uKhasibe.



Abesimame abebethamele umcimbi waminyaka yonke iPhinifa on Fleek, bancele kogcwansile ngokuba umuntu wesifazane, izimo zempilo abahlangabezana nazo, namasu entuthuko kwezamabhizinisi

# IDUT isizosebenzisana neKZNA

**Nash Ngcobo**

UBUHOLI beKwaZulu_ Natal Athletics nobomkhakha wezeMpilo eDurban University of Technology busayinde isivumelwano sokusebenzisana.

UMnyango weChiropractic oholwa nguDkt Desiree Varathajulu usayinde isivumelwano seminyaka emithathu neKZNA.

Lesi sinyathelo sizothatha igxathu elikhulu ekusebenzeni kwe sayensi kwezejubane kulesi sifundazwe.

Abafundi baseDUT bazothola ingqayizivele yethuba lokufunda nokusebenza sakuxazulula zonke izinkinga zempilo zabagijimi. Kuzoba lula nokuhlonza nokwelapha izinhlobo zokulimala kanjalo nokukugwema.

USteve Mkasi onguMengameli weKZNA uthe nabaqeqeshi bazozuza lukhulu ekuqondeni uhlobo nohlobo lokulimala komdlali.

Uthe bazosizakala nangezindlela ezilula zokwelapha abagijimi ngokushesha, kunciphe nabalimala bangaphinde bagijime.




USTEVE Mkasi noDkt Desiree Varatharajulu bekhombisa ngesivumelwano abasisayinile.




AMALUNGU obuholi bemikhakha ethi ntekayo eDUT.

## IKing Cetshwayo the musical busezingeni eliphezulu

**Thobeka Khumalo**

IKING Cetshwayo the musical ebhalwe ngu Jerry pooe abuye abe umqondisi obuse playhouse ngolwesihlanu uzohambela amazwe ase Africa maduze njengoba ububukisa okokuqala ePlayhouse.

Impi yase Sandlwana okwaba yimpi enkulu phakathi kwama Ngisi namazulu ibihanjelwe yiwo wonke umuntu njengoba sibone nezingane zesikole abadala nabancane okukhombisa khona ukuthi lombukiso usezingeni usukulungele ukuphumela ngaphandle ubukwe amazwe kanye nezizwe imbala.

UJerry Pooe uthe bazohambela amazwe afana noChicago maduze ,enkulumeni yakhe ubonge ukwesekwa kanye nobuchule bezingane ezidlala lombukiso u90%wazo ezidabuka oLundi okujabilise iningi ikakhulukazi njengoba uhumushwa ngesingisi uhunyushwa ingane eziqhamuka emakhaya.

Lombukiso ubuhanjelwe uNqonqoshe womnyango wezomdlalo ubuciko kanye namasiko wakwa ZuluNatal uMnu Mtomuhle khawula.uncome uJerry Pooe ongu Msunguli nomqondisi wombukiso ngokutakula amaciko asemakhaya kanye nokubhala umdlalo onobuchule obungaka.

Lo mdlalo okhombisa ukuthi uZulu wawanqoba kanjani amaNgisi ephethe izikhali nezibhamu bona bephethe amahawu nemikhonto ngo 1879 okuyinto engakholakali eyohlezi isikhumbuza ukubaluleka kokukholelwa kumasiko kanye nezinkolelo zethu zesintu

SASK FOUNDATION NPO
"LEARN. GROW. THRIVE."

# SASK FOUNDATION YOUTH DEVELOPMENT PROGRAMME

## Call FOR APPLICATIONS

The SASK Foundation is pleased to **INVITE** young people from the **UMLAZI** area to participate in our exciting **6-WEEK YOUTH-DRIVEN DEVELOPMENT PROGRAMME**.

---

This initiative is specifically designed for unemployed youth and those from underprivileged backgrounds who are eager to gain practical skills and hands-on experience.
Participants will receive training in the following fields:

- Photography & Videography
- Sewing & Fashion Basics
- Pottery
- Beading & Arts and Crafts

This is an intensive, action-packed programme focused on skills development, creativity, and empowerment. Upon successful completion of the 6-week course, participants will receive accreditation.

If you are interested in
**DEVELOPING YOUR SKILLS** AND **UNLOCKING NEW OPPORTUNITIES**, WE ENCOURAGE YOU TO **APPLY**.

CLOSING DATE
**March - April**

**NOTE:** For enquiries and registration, please contact:
Programme Manager: Sphe
C: +27 84 384 1019

We look forward to **Empowering** the youth of **Umlazi.**

SASK FOUNDATION NPO
"LEARN. GROW. THRIVE."

## IMBOKODO IVEZA AMAGALELO WAYO

# Bafukula umnotho wasemalokishini ngamabhizinisi angavamile kwabesimame

***Ezweni elisabhekene nenkinga yokulwisana nokungalingani kwabantu besilisa nabesifazane nokuntuleka kwamathuba, intshisekelo yalaba besimame isitshengise ukuthi kuningi okuhle okwazi ukukufeza uma uzimisela. Ngokusungula amabhizinisi, baphikisane nazo zonke izinkoleloze ngenhloso yokufeza amaphupho wabo. Lokhu sekubaphendule amaqhawe emphakathini abavela kuyo ngoba abagcinanga ngokuba izibonelo ezinhle ezinganeni ngokuzitshengisa ukuthi nabantu besifazane benza kahle kwezomnotho, kepha baphinde bevulele nabanye amathuba.***



### *Mnotho Mbonambi (Mnotho's Luxury Touch)*

Uma kukhulunywa ngezobuhle ubhema ukholwe emsebenzini wakhe. Ufaka izinzipho, izinkophe, enze i-make up, aphinde enze nezinwele. Wenza ezibukwayo ngoba akaqalanga leli bhizinisi ngephutha, ukuzenza muhle into akhula evele enothando lwayo.
IMnotho's Luxury Touch iqalwe ngo-2019. Isiqubulo asebenza ngaso ukuthi ikhasimende alitholi elikufisayo, alithole okungaphezu kwalokho ebelikucabanga ngoba amakhasimende uwaqonda ngaphezu kwendlela aziqonda ngayo. **Utholakala ku-068 032 6676.**

### *Thandazile Faya (TeefayaBakery)*

Awusiniki esingaboni ngemibhako kaThandazile. Uqale ukubhaka izinkwa kulandela ukubona igebe elidalwa ukushoda kwemisebenzi nokuqhelelana nezinto, ukubhaka amakhekhe khona kuze emva kwendaba.
Uyeke ukufuna umsebenzi weziqu azithole eDurban University of Technology (DUT) zeTourism Management waqala iTeefayaBakery esiphenduke igugu kubahlali baKwaDabeka njengoba isiphinde yavula amathuba omsebenzi.
**Utholakala ku-078 466 9092.**





### *Sindi Ngubane (Iqhikiza Lifestyle)*

Uma ufuna ukuba nomcimbi ngelinye ilanga ozoxoxela abazukulu bakho ngawo, xhumana noSindi ohlela imcimbi eseqopheleni eliphezulu. Ngaphezu kokuhlela imcimbi yezicwicwicwi, Iqhikiza Lifestyle iphinde iphathe amaciko. Isisize inqwaba yamaciko afinyelela ezingeni eliphezulu kangangoba aseke aqokelwa nezindondo.
USindi akagcini ngokuphatha kuleli bhizinisi, naye ungaphansi kwalo njengeciko. Uyalingisa aphinde abe umphathi uMC emcimbini.
**Utholakala ku-071 725 0842.**

BTNEWS
IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

CONTACT THOBILE BLOSE NOW TO

ADVERTISE & GROW YOUR BUSINESS!

**Contact No:** 063 421 3035

e-mail: thobileb@btnews.co.za

# URadebe ushumayela eyobunye kweyeNdebe yoMhlaba

**Nash Ngcobo**

NJENGOBA iNingizimu Afrika igubha iminyaka engama-30 yasingatha futhi yanqoba okokuqala i-Africa Cup of Nations, owayengukaputeni weBafana Bafana unxenxa eyobunye ukuze le liqembu lidlulele esigabeni esilandelayo salo mqhudelwano.

Selokhu iBafana Bafana yaqala ukudlala kwiNdebe yoMhlaba ayikaze idlulele esigabeni esilandelayo salomqhudelwano nokuyinto iSouth African Football Association (Safa) okufanele ibambisane ekuyixazululeni.

Lowo nguLucas "Rhoo" Radebe owagqama kwiKaizer Chiefs ngaphambi kokubonwa yiLeeds United yaseNgilandi agcina esengukaputeni wayo kwaze kwafika isikhathi sokuthatha umhlalaphansi.

URadebe uthi kuyisifiso sakhe esikhulu ukubuyisela ulwazi asenalo ekuthuthukisweni kukanobhutshuzwayo waseNingizimu Afrika.

Konke asekuzuzile kube ngenxa yokuzimbandakanya nalomdlalo emele izwe lakhe, akubona kubalulekile ukubuyisela emuva njengoba naye asizwa ngabanye.


Uthe inqubekela phambili iyadingeka kulesi sikhathi iBafana Bafana ekusona, okungabaholi bemikhakha ethile nabadlali uqobo.

"Lokhu kuzokubuyisa isithunzi ebesinaso nokuhlonishwa kunobhutshuzwayo wase-Afrika. Ngeke ube ngumqeqeshi omkhulu nohlonishwayo ngaphandle kokwesekwa yithimba elicabanga ngokufanayo nawe," kusho uRadebe.

Ukhuluma kanjena uRadebe, uMengameli weSafa uDkt Danny Jordaan usememezele ukuthi ngeke alungenele ukhetho olulandelayo lokuhola le nhlangano.

Ngasohlangothini lomqeqeshi uHugo Broos naye uselibeke ngembaba elokuthi usethi khumu ekuqeqesheni emva kweNdebe yoMhlaba yalo nyaka.

Seliphakanyiswe kaningana igama likaRadebe ekungeneleni ukhetho lukamengameli weSafa kodwa akakaze azwakalise ukusiconsela amathe lesi sikhundla kanti baningi



ULUCAS Rhoo Radebe ofisa ukubuyisela ulwazi analo kunobhutshuzwayo waseNingizimu Afrika

abamfisela lomsebenzi.

Izingxoxo zokusetshenziswa kwamava obuholi bukaRadebe kwiSafa zaphakanyiswa kwi-Afcon 98 eBurkina Faso ngesikhathi iNingizimu Afrika izongenela owokusingatha iNdebe yoMhlaba yangowe-2006.

Igama likaRadebe laphakanyiswa njengemenenja yeBafana Bafana kuthi iphini lakhe kube nguJohn Dungi Moeti ongasekho.

Kubadlali bokuqala beBafana Bafana nguHelmann Mkhalele kuphela okule liqembu eliya eMelika oyiphini likaBroos, abanye ababonwa nangokhalo.

Amalungiselelo alokhu awenziwanga kwaba wukuphelela emoyeni kwalo ludaba olwalukhombisa uhlelo oluphusile lokuthuthukisa kobuholi beSafa.

INingizimu Afrika izodlala kwiNdebe yoMhlaba emva kweminyaka engama-28 (1998 nango-2002) yagcina ukudlala kuyo ngokwezikhwepha nangeyi-16 eyadlala kuyo njengosokhaya ngowe-2010.

iBafana Bafana igcine ingenile kwiNdebe yoMhlaba ezosingathwa ngamazwe amathathu okuyiCanada, iMexico ne-United State of America ngoJune 11.

Izovula ngeMexico eStade Azteca eMexico City bese ilandelisa ngeSouth Korea, okungamazwe ayincwadi evaliwe, okufanele iBafana ingacucuzi ngokuwanqumela ogodweni.

## Kusabhekwe lukhulu kwiSharks kaJP Pietersen

**Nash Ngcobo**

UKUPHELA komqhudelwano weSix Nations ebidlalelwa ngamazwe omhlaba kusho ukubuyela kwe-United Rugby Championships (URC), okulindeleke kuyo amaSharks aqhubeke nefomu agcine ekuyona eguqisa ama-Stomers ngo-36-24.

Ubuholi bomqeqeshi osabambile uJP Pietersen kanjalo nokuzinikela kwabadlali bakhe bukhombisa izinguquko osekphele iminyaka zilindeleke kumaSharks kodwa zingenzeki.

Ukuzinikela nokuhlonisha ijezi kubadlali beSharks yizona zimpawu zokunqoba kwale liqembu selibhekene namaLions e-Ellis Park Stadium eGoli ngoMgqibelo ngo-2h00 ntambama uma singashintshanga isikhathi.

UJ Pietersen uthe akukho okuzobavimba ekuphindaphindeni abakwenze kwiStomers emidlalweni emibili ilandelana ebesiqhwakele phezulu kwilog ye-URC. Lokhu kubeke iSharks endaweni yesi-9 kanti iStomers sehlela kweyesi-2.

Umgqigqo okhonjiswe ngabadlali abebeqala ukunikezwa ithuba kwiSharks nguPietersen kulethe enkulu injabulo nethemba lokwenza ngcono kwale liqembu kulo mqhudelwano.

"Umdlalo siwunqoba futhi sihlulwe kuma-scrums nakuma-lineouts okuyizindawo ezibaluleke kakhulu ensimini yebhola lombhoxo.

"Ukuzihlonipha nokubambisana yisona sithako sempumelelo esehlule ngayo iStomers, ingasabalwa eyabadlali abalibambe ngazo zombili ithuba lokuqala abanikwe lon lokugqoka ijezi leSharks," kusho Pietersen.

Uthe bazoqhubeka nomoya wokunqoba nokudlala ngokubambisana njengoba b-9abaenzeile esiwombeni sesibili emdlalweni abagcine ngawo.

Akawuvalanga umlomo ngokuvuthwa nokukhula kwabadlali bakhe nakholwa wukuthi uma beqhubeka nalo mgqigqo



KUHWELEZE umoya wobunye kanje kuJaco Williams noJordan Hendrickse bamaSharks emva kokuqumba phansi iStomers okusalindeleke okufanayo sebebhekene namaLions ngoMgqibelo.

kuningi okusazozuzwa ngamaSharks.

Okuqapheleke eqenjini likaPietersen wukwanda kwesibalo sabadlali abamnyama, okuyinto ebikhalelwa kakhulu phambilini ukuze lomdlalo wamukeleke kuzo znke izinhlanga zaseNingizimu Afrika.

Okuphawuleke kule liqembu likaPietersen, wukuboshelwa kwabadlali cishe abayi-9 abamnyama okufanele bameseke ngokunqoba yonke imidlalo abayidlalayo.

Laba badlali abaqokwanga ngokwebala elimnyama kodwa bakhulunyelwe yikhono lokunqoba enkundleni, ukusebenzisa ubunye nobungane.

Imiphumela emihle yezinguquko emaqenjini abaziwa njengawabamhlophe bodwa, isiyabonakala kwiSharks kanjalo nakumaBhokobhoko, okuyinto okufanele ishayelwe elikhulu ihlombe.

Lokhu kuqeda nongabazane lokuqinisa kulo mdlalo kubadlali abasakhula abamnyama abebedikibaliswa wukubandlululwa ngabaqeqeshi abamhlophe baphambilini.



UNQOBANI Mokoena

## OwaKwaMashu ugile izimanga kumaProteas

**Nash Ngcobo**

IHOLLWOODBETS Dolphins igubhe usuku lomdlali wayo ogile izimanga emdlalweni wakhe wokuqala kumaProteas.

Lomdlali nguNqobani Mokoena (19) waKwaMashu oyi_bowler yeDolphins oshaye ama_wicket amathathu amaProteas ehlula iNew Zealand emdlalweni we_T20 International muva nje.

UMokoena oqhamuka ezinhlakeni zokuthuthukiswa kwekhilikithi zeKwaZulu_ Natal Cricket Union (KZNCU) udle umhlanganiso ngokuqokwa njengomdlali wosuku emdlalweni wakhe wokuqala osezingeni lomhlaba.

UNqobani uqale lomdlalo ezinhlakeni zabasakhuliswa zeKZNCU _Hub. Ukuzimisela nokukhula kwezinga lakhe kubonakale emidlalweni yeKZNCU, KZNDSAC nakwiSunfoil Tournament, okumzuzise umfundaze waseNorthwood Boys High okungesinye sezikole ezihlonishwayo ngekhilikithi. Ngokuhamba kwesikhathi ebonakala ezikwateni

